

Vuk'uzenzele

Niyethulelwa WuPhiko lukaHulumeni Kwezokuxhumana Nokudlulisa Kolwazi (i-GCIS)

English/isiZulu

Masingana 2023

I-NSFAS ishintsha impilo yentsha



Owen Mgadi

UBongumenzi Mvelase usendleleni enhle yokufeza iphupho abanalo eseyingane lokuba ngummeli ophezulu emva kokuthola usizo loxhasomali. Umfundu oneminyaka engama-22 ubudala owenza unyaka wesithathu ezifundweni zomthetho eNyuvesi yaseNyakatho Ntshonalanga (i-NWU) uthole uXhasomali Lwabafundi Kuzwelonke (i-NSFAS).

UMvelase ongowase-Utrecht esifundazweni saKwaZulu-Natali, walahlekelwa ngabo bobabili abazali esemncane wabe esekhulisa ngugogo nomkhulu. Ngebjadi, nabo badlula emhlabeni ngesikhathi esefunda iBanga le-10, lokho okwamphoqa ukuba ahambe ayohlala e-Gauteng lapho aphothula khona umatikule-tsheni wakhe ngesikhathi ehlala namanye amalungu omndeni.

Nomakunjalo, uMvelase uthi wayelokhu ezimisele ngephupho lakhe aloku aba nalo emncane futhi wafunda kanzima ukuthola imiphumela ezokwenza emukelwe enyuvesi. Ngokwemibandela

yokwamukelwa e-NWU ukuyofunda iziqu zomthe-tho ze-Bachelor of Laws, uMvelase wathola u-level 5 (60–69%) kwisiNgisi nakwi-siZulu wathola futhi u-level 3 (40–49%) ezibalweni. Amanqaku okwamukelwa kwakhe, okuyisilinganiso sazo zonke izifundo – ngaphandle kwesifundo se-life orientation – ayengama-32.

UMvelase uthi ukuphumelela kahle kwakhe kumatiku-letsheni kanye nokwesekwa ngumndeni wakhe nothisha kwamgquqquzelu ukubambe-lela ephusheni lakhe lokuba ngummeli futhi waqala wabheka amathuba oxhaso-mali.

Wathola ulwazi ngo-NSFAS ngosuku lokukhangisa ngemisebenzi eyahlukene wabe esefaka isicelo ngonyaka wakhe wokugcina esikoleni samabanga aphezulu. Uthi wayithola inqubo yokufaka isicelo ilula kakhulu futhi aka-zange abe nenkinga uma efika enyuvesi ngonyaka wakhe wokuqala.

I-NSFAS yamnika umfunda-ze ophelele okhokhela imali yokufunda, indawo yokuhlala, izincwadi kanye nemali yanya-na zonke engange-R1 500 yokudla. Uthi ukuhlomula

Iqhubeka ekhasini lesi-2



Packhouse changes local farmers' fortunes

Page 7



Maarman ready to be seen through photography

Page 10

UNGASITHINTA LAPHA

f Vuk'uzenzele



@VukuzenzeleNews

Iwebhusayithi: www.gcis.gov.za

www.vukuzenzele.gov.za

I-imeyili: vukuzenzele@gcis.gov.za

Ucingo: (+27) 12 473 0303

Tshedimosetso House:

1035 cnr Frances Baard and Festival streets, Hatfield, Pretoria, 00083



Ukuze ufunde iVuk'uzenzele thola i-GOVAPP ku:



Bheka u-SA Government ku-Google playstore noma ku-appstore

IPHEPHANDABA LAMAHHALA, ALITHENGISWA

Isuka ehasini loku-1

ku-NSFAS kwamethula umthwalo ngoba wakwazi ukugxila ezifundweni zakhe futhi angakhathazeki nge-mali.

Usebenzisa ingxene ye malu yakhe ukuvakashela ekhaya KwaZulu-Natali ngesikhathi samaholide okuvalwa kwezi-kole.

Ngesikhathi ebona ukuthi luselude ukhalo phambi kwakhe ngaphambi kokuthi emukelwe njengommeli, uyabonga kakhulu ngale ndlela aseyihambile kuze kufike la.

"Bekuba nezikhathi lapho bengingabaza ukuthi ngizokwenzani emva kumatikuletsheni ngoba udinga imali ukuze uye enyuvesi,

ngakho-ke ngiyathokoza ukuthi i-NSFAS ingibeke la ngikhona, yize ise yinde indlela okusamele ngiyihambe," kusho yena.

Ephendula ngomkhakha womsebenzi awukhethile, uMvelase uthi wabona esasemncane ukuthi izindleko zezomthetho zimba eqolo kakhulu kubantu abajwayelekile futhi uthembu ukuthi uzosiza abanye uma esethuthukile emkhakheni wezomthetho. Unephupho lokuba ngummeli wamalungelo abantu ukuze ezokwenza umehluko emphakathini wabuko, ikakhulukazi ezindabeni eziphathelene nezinguquko zomhlaba, nathi azikaxazululwa namanje emakhaya angakubo.

Uthi ukuba senyuvesi



kushintshe impilo kuyena. Usehlangane nabantu abamgqugquzelayo okuyibona abangamsiza ukufeza amaphupho akhe.

"Sengibe yingxene yezinhlelo eziningi ezing-size ukuqonda ngomkhakha womsebenzi engiwukhethile. Ngihlangana nabantu abaphuma ngamalengiso kulo mkhakha; kuyintoko ka-khulu," kusho yena.

Ukwesekwa kwabafundi

UMvelase ugqugquzelayo abafundi abafuna ukuya enyuvesi

abangakwazi ukukhokha izindleko zokufunda ukuthi bafake izicelo kwa-NSFAS ukuze bezofeza amaphupho abo.

Uphinde wabexwayisa, ukuthi kuyinselele kakhulu kubafundi – ikakhulukazi labo abaphuma emindenini ehlwempu abangakaze bavashela ezinye izindawo – ngoba bakude namakhaya. Ukhathazekile ngozakwabo abahlomule kumfundaze abagcina beshiye phansi ngenxa yokungenzi kahle ezifundweni zabo. Abafundi abazizwa behungathetile, uthi kufanele basebenzise izinsiza zenyuvesi ezeseka abafundi ngokwengqondo nangokusebenza kwengqondo.

Uthi omunye wemibandela ye-NSFAS yokuthi umfundi

aqhubek nokuthola umfundaze aze ayothwala iziqu ukuthi kufanele baphumelele kahle ezifundweni zabo.

"I-NSFAS ilethe ithembu kwiningi lethu elibuya emakhaya ahlwempu. Ngingagqugquzelayo wonke umuntu, ikakhulukazi labo abahlala ezindaweni zasemakhaya, ukuthi bafake izicelo ngesikhathi futhi baphumelele kahle ezifundweni zabo ukuze bezokwazi ukuphokophelela imikhakha yemisebenzi abayithandayo.

"Kufanele futhi sikuqonde ukuthi njengoba konke lokhu kuzwakala kukuhle futhi kumahhala, kukhona abantu abakhokhela lokhu ngentela. Akufanele ukuthi sidicile phansi amathuba," kusho yena.

Faka isicelo soxhasomali Iwe-NSFAS ngaphambi komhla wama-31 kuMasingana 2023

More Matshediso

Yize ukufakwa kwezeloko zoxhaso kwiSikhwama soXhasomali Lwabafundi Kuzwelone (i-NSFAS) kuzovalwa mhla wama-31 kuMasingana kunyaka wokufunda wezi-2023, lesi sikhwama sicebisa abafakizicelo ukuba bafake izicelo manje bangalindi umzuzu wokugcina.

I-NSFAS ihlinzeka ngesizo lweziali kubafundi abanesifiso sokufunda noma asebevele befunda enyuvesi kahulumeni noma emakolishi angama-*Technical and Vocational Education and Training* (i-TVET) futhi ababuya emindenini emalingeniso eyizi-R350 000 noma ngaphansi.

Ngokwe-NSFAS, abafakizicelo izicelo zabo eziphumelele ukuthi bathole lolu xhasomali bathola imali yokubhalisa, eyokufunda, imali yokudla, indawo yokuhlala noma imali yoku-

gibela; izisinza-kufunda; kanye neyokuzinakekela.

Ukuthola umfundaze wakwa-NSFAS, kufanele ubeyisakhamuzi saseNingizimu Afrika esihlele ukufunda ngowezi-2023 noma usuvele uyafunda enyuvesi kahulumeni noma ekolishi eliyi-TVET.

Okudingekayo

Ungaluthola uxhasomali uma:

- Uthola isibonelelo soMnyango Wezimpe-sheni eNingizimu Afrika (i-SASSA), noma
- Ungumuntu ophila nokukhubazeka, imalingeniso yekhaya isihlanganisiwe ingabi ngaphezu kwezi-R600 000 ngonyaka, noma
- Usuyafunda njengamanje futhi ngokwezfundo ufanelekile.

Kubhaliswa noma sifakwa kanjani isicelo?

Ukfaka isicelo soxhasomali, kudingeka ukuthi ubhalise

uvule i-akhawunti ye-@ myNSFAS ngokulandela lezi zinyathelo ezilandelayo:

- Ngena ku: www.nsfas.org.za
- Cofa ku-myNSFAS phe-zulu esandleni sokudla eskrinini.
- Gcwalisa imininingwane yakho njengoba injalo kuMazisi wakho.
- Gcwalisa imininingwane yakho yocingo (i-NSFAS izosebenzisa yona ukukwazisa ngokuqhubekeyo ngesicelo sakho).
- Vuma imigomo nemibandela ngokucofa ebhokisini elinikeziwe. Lokhu kuyimpoko futhi kuzovumela i-NSFAS ukuthi iqinisekise imininingwane ehlinzekiwe.
- Yenza i-password ukuze uzovikela i-akhawunti yakho, qinisekisa i-password ngokucofa ku-'CREATE'.
- Umyalezo oqinisekisa ukuvulwa kwe-akhawunti yakho uzovela eskrinini.

"Khumbula ukugcina imininingwane yakho kanye nama-password kuyimfiho ukugwema ukwebiwa kobuwena kanye namaqola ukuthi angene kwi-akhawunti yakho," kusho i-NSFAS.

Yengeze ngokuthi abafakizicelo kufanele baqaphelisise amakhasi omgunyathi kwi-inthanethi azenza i-NSFAS, ngoba kungenzeka kube ngamaqola azama ukuoqa imininingwane yabo.

Abfakizicelo kufanele babe nala maphepha alandelayo uma befaka izicelo:

- Ikhophi ye-ID noma iSitifiki Sokuza
- Ikhophi ye-ID yabazali noma yabagcini noma yoshade naye
- Uma unoMazisi oyikhadi, womibili amacala ekhadi ayadingeka
- Isiqinisekiso somholo (uma sidingeka)
- Abantu abaphila nokukhubazeka kufanele bagcwalise ifomu i-Disability Annexure A,

elitholakala kwiwebhusayithi ye-NSFAS

- Uma uthathwa njengomntwana obuthakathaka nguMnyango Wezokuthukiswa Komphakathi, kumele ufake ifomu eliphelele le-Vulnerable Child Declaration eligcwaliwe ngusonhlakahle
- Uma ubhale ukuthi awunayo imininingwane ethile yelunga lomndeni kanye nesitifiketi sokuza esineminingwane yabazali, kufanele ugcwaliwe ifomu le-Declaration: Non-SASSA
- "Kuzobe sekuba khona uhlu lwamaphepha okufanele uwafake ngokuhambisana nesicelo sakho," kusho i-NSFAS.

Ngemininingwane ethexaxa, vakashela ku: www.nsfas.org.za noma ulandele @myNSFAS ku-Twitter, MyNSFAS ku-Instagram noma National Student Financial Aid Scheme ku-Facebook



government
communications

Department:
Government Communication and Information System
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Tel: 012 473 0353

Email: vukuzenzele@gcis.gov.za

Address: Private Bag X745, Pretoria, 0001

Head of Editorial and Production

Regomoditswe Mavimbela
Regomoditswe@gcis.gov.za

Acting Editor-in-Chief

Zanele Mgadi | Zanelemgadi@gcis.gov.za

Managing Editor

Tshepo Nkosi | Tshepon@gcis.gov.za

News Editor

Noluthando Motswai

Writers: More Matshediso**Graphic Designers**

Tendai Gonese | Benny Kubjana

Production Assistants

Jauhara Khan | Sebastian Palmer

Language Practitioners

Nomgcibelo Motha | Boitumelo Phalatse

Thandolunye Khulu | Mahanyele Ramapala

Vuk'uzenzele

is published by Government Communications (GCS)

Distributed by:

ON THE DOT

abc

Printed by:

RISING SUN PRINTERS

The material in this publication may be reproduced, distributed, or transmitted in any form or by means, including photocopying, recording, or other electronic or mechanical methods, without the prior permission of the publisher on condition that this publication shall be credited as the source.



Inkululeko Yabezindaba eNingizimu Afrika Yakha Ithemba Nokuzigqaja

Inkululeko yabezindaba ingenye yezinzuzu ezinkulu kakhulu kwintando yeningi labantu, kodwa ingenye yezinto esizithathela phansi.

eNingizimu Afrika cishe eminyakeni engama-45 eyedlule, umsebenzi wobuntatheli wawubukeka engathi usongela uzinzo lombuso.

Ukubuka ukuthi izinto ziguquke kanjani selokhu sathola intando yeningi labantu, okuyisilinganiso sesikhathi esiyiso esibonisa inkululeko yabezindaba emhlabeneyashicilelwayi-*Reporters without Borders* (i-RSF) kuyafundisa.

Ezansi kombiko wezwe ngalinye kunezithombe-magama ezichaza ngokuhlu-kunyeza kwezintatheli.

Isibonelo, omunye angocabanga-nje ukuthi kulo nyaka nje kuphela izintatheli ezingama-45 kanye nabasebenzi bezindaba aba-4 babulewe ezingxenyeni ezehlukene zomhlaba bebulawelwa umsebenzi wabo. Futhi, kulo nyaka, izintatheli ezingama-207 kanye nabasebenzi bezezindaba abayisi-7 baboshiwe.

eNingizimu Afrika, ayikho intatheli ebulewe ngowezi-2022 ngezimo ezihlobene nomsebenzi wobuntatheli futhi ayikho eke yaboshwa. Kanjalo nangonyaka owedlule, nangonyaka owendulela wona kanye nangeminye iminyaka engaphambi kwayo.

Lokhu kuyinkomba yoku-phila hhayi kwabezindaba kuphela kodwa kwentando yeningi labantu ngokwayo.

Ukuthi izintatheli zikhulu-lekile ukwenza umsebenzi



wazo ngaphandle kokwesaba ukushaywa kuyinto esingazigqaja ngayo. eNingizimu Afrika, abezindaba bangashicilela futhi basakaze ngokukhululeka, futhi abezindaba bayazilawula ngokulandela izindlela ezehlukene ezifana ne-Press Code.

Umsebenzi wobuntatheli bamaphephandaba ukhona uhambisana nokubikwa kwezindaba ezihamba phambili ezinkulu. Ukugxeka okunengqondo nokukhulu kuhona futhi kuhambsana nokuhleba nokusabala lisula ulwazi olulwisananabantu emphakathini, osaziwayo kanye nosopolitiki.

Njengenhloko yombuso, kuhlezi kuhulunywa ngami ezinkundleni ezehlukene zabezindaba cishe nsuku zonke. Ukuthi uMongameli kuhlezi kuhulunywa ngaye kwabezindaba kulindelekile futhi ngizoqhube ka ngibhekane nakho.

Inkululeko yabezindaba iyisithelo sentando yeningi labantu futhi okumele sonke sisivikele singafuni lutho ngaso futhi sisebenzele ukusiphakamisa.

Lokhu kuyaye kwenzeke uma kunemizamo yokusabisa, ukufaka itwetwe

"MANJE SESIFIKILE ISIKHATHI SOKUTHI SONKE SISEBENZISANE, NGENHLOSO YOKUHLONIPIHA U-NELSON MANDELA, SAKHE ININGIZIMU AFRIKA ENTSHA FUTHI ENGCONO KUMUNTU WONKE WAKULELI."

UMONGAMELI CYRIL RAMAPHOSA

#SendMe

SIKWAKHELA INGOMUSO ELINGCONO SIHAMBA EZINYATHELWENI ZIKAMADIBA



sayo.

Ukungena kancane kancane nokusatshalalisa kwezindaba ezingelona iquiniso kwi-inthanethi okwenziva ngisho ngosozindaba asebemnkantshubomvu kuyakhathaza. Umonakalo ongadaleka udlulela ngale komuntu okhokhele lezo zindaba.

Sazibonela thina umphumela walokhu ngesikhathi sezibhelu zangoNtulikazi ngowezi-2021 ezingxenyeni eziningana zeze, ngesikhathi imibiko engelona iquiniso eyayivelva engathi ngeyabezindaba ithungela ukungezwani phakathi kwemiphakathi futhi yasthenziswa ukugqugquzelabantu ukuthi benze ubugebengu kanye nokuphehla udlame.

Esikhathini lapho kunezindaba ezingelona iquiniso ukukhula kanye nokwanda kwezikhungo zabezindaba eziyiqiniso.

Into ezolwisana nokwanda kwezindaba ezingelona iquiniso ukukhula kanye nokwanda kwezikhungo zabezindaba eziyiqiniso. Into ezolwisana nokugcwala kobuntatheli obungalungile obunezhloso zepolitiki izintatheli ezithembakele, neziqeqlikiwe ezinendaba kuphela nokufundisa nokwazisa umphakathi.

Uhulumeni nomkhakha ozimele bayacelwa ukuba badlale indima yabo ekwesekeni inkululeko yabezindaba ngokuqinisekisa ukusimama kwabo ngokukhangisa, ukusebenziana ngokwezihloko okubikwa ngazo kanye nangezinye izindlela.

Sethulela isigqoko izintatheli zesizwe sakithi ezi-sebenza kanzima, abahleli kanye nabanye abasebenzi bezindaba abaqhubeka nokwenza umsebenzi wabo obalulekile kwintando yeningi labantu.

noma yokuvala umlomo izintatheli ngokusebenza i-inthanethi kanye nezinye izinkundla. Lokhu kwabonala kakhulu ngesikhathi sokuthunjwa kwamandla ombuso.

Okwakuphazamisa kakhu-lu kwakungukuhlaselwa kwezintatheli zepolitiki zabisifazane ezinkundleni zokuxhumana, kusetshe-nziswa amagama aziswana ahambisana nezinsongo zodlame ngokocansi.

Ngalesi sikhathi esibi sibuka imuva lethu elingaqhelile kangako, kuyakhathaza kakhulu ukuthi sibona ukwenyuka kokuhukunyeza kwi-inthanethi kanye nolunye uhlobo lokuhukunyeza lubheksive kwizintatheli kule mpilo yamanje.

Ukuphathwa kabi kwezintatheli okwenzeka ezingxenyeni eziningi zomhlaba kuyinto okungafanele ivunyelwe ukuthi yenzeke eNingizimu Afrika. Abezindaba badlala indima engeqhathaniswe ekuqini-

sekiseni ukuthi kuhona ukuziphendulela ngemithetho yentando yeningi labantu, ngakho-ke sonke masisukume siqine silwe nangabe yimiphi imizamo

yokusabisa noma yokuvala umlomo izintatheli.

Ngaphandle kwalokho esikuzuzile kwinkulu-leko yabezindaba, izinga lakulo nyaka eNingizimu Afrika ku-RSF World Press Freedom Index lehle ngamphuzu amathathu kusuka kwezi-2021.

Kunezingxenyenye ezahlukene kwinkululeko yabezindaba. Ukuphepha kwezintatheli kuyinkomba eyodwa nje; ezinye zingummongo wepolitiki nomnotho, ummongo wohlaka lwezomthetho kanye nerhlalo namasiko.

Inkomba ibonisa ukufinyelela kwezobuntatheli obusemgangathweni ngokukhokhela kwi-inthanethi njengomgoqo wezomnotho kwizakhamuzi, umphumela wobhubhane lwe-COVID-19 ekuxhaseni ngezimali izikhungo zabezindaba ezi-

ncane nezizimele ukuthi zisebenze kanye nokubhewa kabi kwezintatheli kwi-inthanethi okwenziva ngamaqembu ezepolitiki.

Enye yezinto ethinta kanzima isimo sobuntatheli hhayi nje kuphela eNingizimu Afrika kodwa emhlabeneyashicilelwayi-*Reporters without Borders* (i-RSF) kuyafundisa.